



BENEDICTINE HOSPITAL
 EZINTSHA SHA ZEZEMIDLALO
 EBENEDICTINE



SPECIAL EDITION : 10 JUNE



(isithombe: Iqembu lebhola lase sibhedlela , Umphathi wesibhedlela , UP.R.O wesibhedlela , kanye nabasebenzi base sibhedlela behalalisela iqembu lebhola lesibhedlela ekunqobeni kwabo

Uhlelo (outline)	Pages
football friday	1
Umdlalo webhola (umqeqeshi nokapteni)	2
Ukuwinwa Kwendebe ye-Old Mutual tournament	3
Ingxoxo, interview noMn.	4
Nyandeni	
Ingxoxo noMn.TD Mthethwala	5
Ezilandelayo	5
Umgosi	
Izimemezelo	6
Amazwi ambhali	7

Football Friday

Ehhe! uqamb' ushilo mawcabang ukuthi iBenedictine ayazi lutho ngebhola. Phela kulesithombe esingaphambili, kukhona abasebenzi abahlukene bakulesi bhedlela begqoke ezasemzansi bekhombisa ukusaphotha abafana kanye neFootball Friday. Awubheke kahle kulesithombe ungtshale ukuthi akuyena yini umama uShamase um hathi walapha eBenedictine, awukholwa? Uyena kanye! uCEO uqobo lwakhe, Uthe akathathe imizuzwana azoshaya izithombe nezingane zakhe. Ay jealous down, uyasithanda lomama bakithi.



(isithombe: Musa makhoba)

Hooooooooo bafana beBenedictine!!!!

Laba obabona lapha abafana baseBenedictine abakhuphula igama lalesisibhedlela yonk' indawo lapho beya khona. Phela izintatheli zithi labafana basanda kuqukula enye yezindebe ezivelele lapha kwaNongoma.

Lesisithombe sithathwe ngeskhathi bezivivinya, belungisela ukwenza abadume ngakho, ukul' umlomo bathel induku kunoma ubani ozimisele ukuzenza inhlekisa ngokuzicelela, phecelezi uku-tshalenja iBenedictine. LoMnumzane omfishanyana ophakathi kwesikokela sabadlali ubaba uNyandeni osekhiqize ikhono iminyaka eminingi eyedfule esizana nabanye abaqeqeshi baleliqembu. Nakulonyaka uphinde okufanayo lomnumzane ngoba naba abafana babhaxabula noma yini ebekwa phambi kwabo.



Izithombe: Busanj Mlaba
wesokunxele) NoMnumzane Thami Nyandeni (kwesokudla team manager)

(k

Ongumholi noma u-captain waleliqembu indoda ebizwa ngelika RRRasta enekhono elimangazayo. Phela lomfokazi udlala phakathi abuye futhi avimbe, konke lokhu ukwenza engathi wakufunda esiswini sikanina. Ay asingaqeq' amagula ngoba sisazobalandela labafana kuze kukhathale wena mlandeli. Phela kuningi okwenzekayo okuphathelene nemidlalo lapha eBenedictine ngoba nezintombi zebhola lezinyawo kanye nelezandla (netball) azizibekile phansi.

Ake sikushiy usacons' amathe ulindele ezinye izindaba zemidlalo. Phela asifun' ukukugxisha ngalezizindaba ezimnandi kuze kufe iziguli ngenxa yokuthi awukwazi; ukususa amehlo akho kuleliphepha elineziconsisa amathe izindaba zemidlalo.

Impumelelo yabafana Kwi-Old Mutual tournament



(Isithombe: Mr Bafana Hlabisa, nezindondo zakhe aziphumelelile, siyakhahalisela mfowethu

Esithombeni: uMnumzane Bafana Hlabisa. Obonakala exakekile ukuthi uzozibamba kanjani zonke lezindebe, umshayi sithombe uze wathi akazishiye ezinye ukuze ezosithatha kahle le-sithombe. Lendoda ingomunye owaba umdlali ovelele phecelezi man of the match.



Ay bekunzima lapha, phela lemidlalo beyisezingeni eliphakeme kakhulu, be-
kunomehluko omkhulu phakathi

kwezimfundamekhwela nalabo abanespilioni futhi abayaziyo into abayenzayo. Akubuzwake ukuthi abadlali beBenedictine bona bebebalwa nabaphi. Phela impumelelo yabo into eyaqala ukulingeselelwa kudala, wena wawungakazi nokuthi liyaphuma noma liyashona yini. Phela umqeqeshi ovelele waphuma khona lapha eBenedictine

Lomqhudlwano wendebe bewubanjwe enkundleni yaseGqikazi, mhlaka 22 May. Ilanga la-
liphume kamnandi kungekho okungavimba abafana ekwenzeni lokhu abadume ngakho. Abafana badlala imidlalo emithathu. Owokuqala babebhekene neRoyal protection, abayihlula ngegoli elilodwa eqandeni, elashawa nguSboniso Sithole. Yilo phela leligoli elabadlulisela kuma-semi final, lapho abatholana phezulu nabafana beHighlanders. Ay, bavele baziphuzela nje kulabafana ngoba leliqembu lalingelona iqatha elalingababinda nakancane nje. IHigh-landers leyo bavele bayibhaxabula ngamagoli amabili kwelilodwa ashawa nguMicca Dlamini noLaurence Makoboya ababebaba njengocurry wasendiya.

Ngyazi awukholwa, uma usacabang ukuthi kukhulu lokhu kush' ukuth awubazi labafana be-
Benedictine, phela ngabe badlala kwi-South Africa National sward ukube abagugile kanjena. Ay iqiniso liyahlababa, kodwa bagugile phela labantu. Phela base bedlulela kuma-final lapho abafike babonisa ngempela ukuthi ikhono labo liseqopheleni eliphezulu ngempela. Othisha laba ababebhekene nabo bavele bazibonela nje ukuthi babhekene nezimbila zithutha. Abafana beBenedictine bavele bazithathela nje indebe ngegoli elilodwa eqandeni elafuqelwa enethini ngu Xolani Khoza.

Ingxoxo nomqeqeshi webhola lezinyawo

exclusive interview with Mr. Thami Nyandeni)



Q? Awusiphe umlando omncane ngeqembu lebhola oliphethe.

A: “Leliqembu bengidlala kulo bengibiza ngoTso. Kusakela kudala, angikaze ngifise ukulishiya , yingakho obengumqeqeshi ebone kungcono ukuthi ngithathe lelihuba lokuba ngumqeqeshi. Obephethe nosabamba iqhaza uma ethola isikhathi uMnu. N. Chongco.

Q? Ungaphawula uthini ngendlela leliqembu leBenedictine elidlala ngayo?

A: Ay iqembu lidlala ngendlela egculisa kakhulu ngoba nabalandeli bangangifakazela. Phela sinanobufakazi ngoba nazi nezindebe ziyabonakala. Into ebuye ibe buhlungu ukuthi abasekho asebezibone bengamelana neBenedictine, okwenza kube nzima nokuthola imidlalo. Uyazi iqembu ekuthiwa iHighlanders lakhetha ukuthatha imfunzana yalo liphume enkindleni ngoba babebalekela ukubhekana neBenedictine evutha bhe!

Q? Ungathi yini imfihlo yakho eyakwenza ukuthi iqembu lidlale kangaka nokuthi uze uqokwe njengomqeqeshi ovelele kwi-Old Mutual tournament?

A: Sidlala ibhola eli-simple ngenhloso yokufeza izinhloso ezimbili, ukuzigcina sisesimeni sempilo esihle kanye nokuchitha isikhathi senza into enomphumela omuhle nengajabhisi muntu. Lokhu kungenye yezinto ezenza sidlale kahle kakhulu, bese imiphumela nemiklomelo esiyitholayo kube isengezo noma i-bonus nje.

Okunye okwenza siwehlule amaqembu amaningi ukuthi siziqeqeshela enkundleni encane futhi sisebenzise amapali amancane, okwenza ukuthi kube lula ukuzitamuzela ngamagoli uma sesibhekene namapali amakhulu emidlalweni ngoba sikwazi ukuliputshuza ngisho naphakathi kwemilenze kanozinti imbala.

Q? Ngokwakho ukubona, ungathi imuphi umdlali ongathi bangafunda nabanye kuye.

A: Kunomdlali ogama lakhe kungu-Rufas Zulu, obizwa ngoRoooo! Lomdlali akajwayele ukuba khona uma sizivocavoca kodwa unekhono elikhulu lokubonisa abadlali okufanele bakwenze uma besenkundleni, futhi naye uzimisela ngendlela emangalisayo. Sikhuluma nje, lomdlali usezinze olundi kodwa uba khona cishe kuyo yonke imidlalo yethu. Okungaphinde kukumangaze lomdlali ukuthi wayedlalela lesibhedlela ngisho nangama90s, abaningi ayedlala nabo sebengamakhehla manje; lokhu kusho ukuthi usedlale nezikulwane ezimbili (two generations).

Kodwake angisho ukuthi abanye abadlali abanalo iqhaza elibalulekile ngoba ngisalipheka ikhono labo, omunye umdlali obonakala ethembise ngendlela emangalisayo umfan’ omncane obizwa ngoMindlos odlala esiswini (midfilder).

Q? Iziphi izingqinamba obhekene noma oke wabhekana nazo njengomqeqeshi weBenedictine?

A: Okuyinkinga kunakho konke ukuthi abaningi abadlali sibathola emkhakheni wakw-Nursing, lapho kugcwele khona abafundi abangabaseBenedictine iminyaka emine kuphela. Lokhu kwenza ukuthi umdlali aqede izifundo zakhe bese eyasishiya lapho sesimubona ukuthi ikhono lakhe seliseqopheleni eliphezulu, bese kufanele siqale phansi sifundise abadlali abasha cishe yonke iminyaka.

Q? Ungaphawula uthini ngezemidlalo lapha eBenedictine?

A: Ngijabula kakhulu ngezinga lekhono emidlalweni yebhola lezinyawo kanye nelezandla (netball). Kodwake eqinisweni, kuyaphoxa ukuthi ngoba isibhedlela sisingaka, kugcwele nabasebenzi abasebancane ngokweminyaka kube khona izinhlobo ezimbili zemidlalo (netball ne-soccer) kuphela. Phambilini besinemidlalo eminingi efana neTennis, Karate neminye, esifisa ukuthi sisangakwazi ukuyivusi ngoba lona ikhono likhona lapha kulesisibhedlela.

Q? Ungaphawula uthini ngokuthola ithuba lokubonwa ngabaningi ngenxa yaleliphepha lezemidlalo lokuqala lapha eBenedictine ?

A: Ngijabule kakhulu ukuthi sebebaningi manje abazobona imisebenzi eminingi yezemidlalo, esithemba ukuthi izokhulisa nezinga lezemidlalo kanye nenani labalandeli bezemidlalo lapha esibhedlela saseBenedictine Hospital. Phela belilokhu likhona ikhono laph’ ekhaya, kodwa bengebaningi abazi ngemidlalo yethu, kukhona nabasebenzi bakhona lapha eBenedictine abangazi nokuthi kukhona iNetbaal evutha



Ingxoxo noMnu. T.D. Mthethwa

Q? Ungubani uTeedy?

A: UTeedy ungumsebenzi wakhona laph' ekhaya osehlale nathi isikhathi eside engumsebenzi futhi engumdlali webhola.

Q? Yini indima oyidlalayo eqembini laseBenedictine?

A: Ngingumdlali, ngingumsizi wakapteni, ngiphinde ngibe umhleli wemidlalo, lapho ngenza khona izinto ezinjengokuthola amaqembi esizodlala nawo, Bese ngiphinde ngithole nezindawo lapho singadlala khona.

Q? Ungaphawula uthini ngokuqokwa njengomdlali ovelele, phecelezi "Man of the match"

A: Ay mfana, ngijabule kakhulu ukuthi bayayibona imisebenzi yethu njengeqembu futhi njengomdlali iyabonakala. Angithukanga neze ngalomklomelo

Q? Ngokucabanga kwakho, yini eyenze ukuthi baqoke wena njengeMan of the match komunye yalemidlalo?

A: Phela ngicabanga ukuthi ababheki ukuthi ulithola kangaki ibhola, kodwa babheka ukuthi ulidlala kanjani umasewulitholile, futhi uxhumana kanjani nabanye abadlali. Bengiwunozinti kulomdlalo, okush' ukuthi yimina ngedwa ebengikwazi ukubono bonke abadlali bangakithi kusukela emumva kuya kumkhahleli (striker). Ngabe sengisebenzisa lelithuba ukuthi ngikwazi ukuxoxisana nabo bonke abadlali bami, kakhulukazi laba badlala emumva. Ikhono lokudlala ngokuzimisela, noku lokuxhumana kahle nabadlali bami kwenze kwaba lula kakhulu ukuqoka mina njengomdlali ovelele.

Q? Imi kanjani imidlalo yeqembu njengoba kuyisikhathi sendumezulu yeWorld cup?

A: Okubalulekile ukuthi siyiqembu elizimisele, lokho kusho ukuthi sizohlale njalo sizama ukuthola umudlalo owodwa noma emibili njalo ngesonto. Sizozama nokuthi imidlalo yethu ibhalwe ebhodini lasePRO. Ukuze kuzoba lula ukuthi noma ubani ofuna ukuzosisaphotha eze. Sizozama futhi nokubuka yonke imidlalo yeWorld cup uma singenayo eyethu imidlalo, phela ithuba lethu leli ukuthi sifunde kubo labadlali bamazwe ukuze nathi sengeze ikhono lethu.

Singalindelani ephepheni elizayo?

Ay bakwethu, sizizwele ukuthi ziyakhipha eBenedictine, ompetha kwezemidlalo babuzwa lapha. Elizayo iphepha liphethe okuningi okuphathelene nemidlalo yalapha ekhaya.

Sizobheka labo abazimisele ngokuqala izinhlobo ezahlukene zemidlalo sixoxisane kancane nabo.

Sizophinde sibheke inkundla yethu yeTennis, siphanye kabanzi ukuthi yini eyenza ukuthi lenkundla enhle kangaka ingasetshenziswa ngokufanele.

Sizoba nezingxoxo nomqeqeshi weNetball kanye nabadlali abambalwa bakuleliqembu.

Enye ingxoxo izoba noMnu. owaziwa ngamaningi amagama. Ungambiza ngoShebeleza or Mr. Masuku or Swallowz or Shoo Shoo Baby noma Shooting. Phela lomnumzane akawakhanga esihlahleni lamagama, wonke anomlando wawo. uMnu. Masuku unesikhundla esikhulu kwinhlangano ephathelene nezemidlalo lapha eBenedictine phecelezi Executive committee of sports.

Sizophinda sicubungule kabanzi ngokushabalala kwemidlalo yeTennis, neKarate.



Umgosi!!!!

Awu!!!, senicijise izindlebe kangaka madoda! Ay, ngaxolisa bafana bami, umndeni wasebenedictine kumel ukwazi lokhu. Uyabonak mfundi waleliphepha, kuonomdlali okhipha ijezi elihle kakhulu, elithi alifane ne-Bana Bafana. Mina engangithatha lesisithombe kwaba nzima ukuthi ngime eduze njengoba ngasengixinwe yiphunga lalelijezi eselingaba semathubeni okuphula irekhod ngoba selisetshensiswe ama-game amahlanu noma evile ngaphadle kokuwathinta amanzi. Ihhe, ay asasi ukuthi ubani osiputshuzele loludaba, ungabuz umbhali ngoba naye akazi lutho. Yibhayibha, lindela umgosi ovuthayo nangokuzayo.

Izimemezelo:

- Ofuna ukuvusa umdlalo othize noma onekhono lokuqeqesha uhlobo oluthize lomdlalo sicela axhumane noMusa Makhoba eTherapy unit, noma uMn Masuku eTB, noma aqondane nehhovisi lase PRO.
- Uma ngabe unemibono ngendlela okungengezwa ngayo ubumnandi baleliphepha ungaxhumane noMusa Makhoba, noma uneminye imibuzo ephathelene naleliphepha.
- Leliphepha lifana nengane enganagama, sicela usiphe igama ofisa silibize ngalo leliphepha, fonela uMusa Makhoba kulenombolo 7115. Noma iP.R.O



Amazwi aphuma kumsunguli

Sawubona mfundi waleliphepha, ngithanda ukuthattha lelithuba ngichaze okuncane ngami. Ngibone kunesidingo sokuthi ube nolwazi olunecane ngomsunguli walemagazine ukuze kuzoba lula noma ufuna ukuxhumana naye. Igama lami nginguMusa Makhoba, osebenza njengomxilongi wezindlebe (audiologist) khona lapha eBenedictine.

(isithombe:Musa Makhoba)

Ekufikeni kwami lapha, ngichithe esiningi isikhathi nabadlali bebhola; kulapho ngibone khona ikhono elimangazayo.

Okungimangazile futhi kwangiphoxa ukuthi bekungekuningi okubhalwe ngemidlalo yalapha kulesisibhedlela, ikakhulukazi ngemidlalo yeBhola lezinyawo, nelezandla (netball). Ngibe sengizithathela isinqumo sokuthi ngicele imvume kwa Public Relations office ukuthi bangivumele ngibhale ngezemidlalo futhi nokusebenzisana ekwakheni le Magazine

Sibonga usizo lwalaba abalandelayo, abenze kwaba-lula ukuhlanganisa leliphepha ngokuvuma ukungisiza.

Umnini we-camera : akafunanga ukuthi sidalule igama lakhe, kodwa usisize kakhulu ukuthi sikwazi ukuthwebula izithombe ezinhle.

Bonke nalabo abasinikeze isikhathi sokuxoxa nabo, lapho besiphe ulwazi mayelana nemidlalo yalapha eBenedictine. Sibonga nabo bonke abasiphe isikhathi sokuthi sithathe izithombe zabo.

Sophinde sibonge kakhulu abadlali abadlala ngokuzimisela, phela belingeke libe khona leliphepha ngaphandle kwalabadlali kanye nabaqeqeshi babo.

WOOOOOOOza Benedictine, besikubuka sikudelela kanti nawe awumuncinyane. Ay, sala kanjalo wemlandeli othand' okudlul umamgobhozi uqobo lwakhe!!!, uKhobzin usayophant ezinye ezinoju

A BIG THANK YOU TO THE EDITORIAL TEAM

1. Public Relations office: Miss N Qongqo(Editor), Miss L. Zungu, Miss P. Shoyisa
2. Audiologist / writer : Mr M Makhoba
3. TB Co-ordinator : Mr Masuku
4. Photographer: Mr M Makhoba
5. Soccer Team Manager: Mr Thami Nyandeni



FOOTBALL FRIDAY PICTURES

